Lapha eNingizimu Afrika, usuku lwangomhla ziyi-16 kuNhlangulana luyiholide elaziwa ngokuthi Usuku Lwentsha.

Le ndaba ixoxa ngomlando waleli holide nokuthi kwenzekani ngalolu suku ngonyaka ka-1976.



“Niyazi yini ukuthi kwenzekani ngoSuku lweNtsha ngonyaka ka-1976?” kubuza ugogo kubazukulu bakhe, uBuhle noVusi.

“Kwaqoshwa umlando mhla ziyishumi nesithupha ngenyanga kaNhlangulana ngonyaka ka-1976 eSoweto!” kusho ugogo.



“Kwakusekuseni. Kwakungunyaka wami wokugcina ngisesikoleni.

Lolo suku lwashintsha umlando,” kuqhubeka ugogo.



“Sasingabafundi bezikole ezahlukene eSoweto.

Sasihlele imashi esuka ezikoleni zethu iya enkundleni yebhola i-Orlando Stadium. Sasihlele imashi enokuthula.”



“Kwakuyini isizathu sale mashi?” kubuza uBuhle.

Ugogo uyachaza, “Umbuso wobandlululo wawusiphoqa ukuthi sifunde ngolimi lwesiBhunu. Sasingahambisani nalowo mthetho. Sasithukuthele kakhulu!”



"Sathatha isinqumo sokukhulula abafundi abansundu baseNingizimu Afrika.

Sasifuna imfundo engcono.

Sasifuna imfundo efanayo kuwo wonke umuntu eNingizimu Afrika."




“Kwase kwenzekani?” kubuza uVusi.

“Sasimasha siya enkundleni yebhola yaseOrlando lapho sasinomhlangano khona. Izinkulungwane zabafundi zazihlanganyele. Sasijabulile kakhulu!” kuphendula ugogo.




“Sathi sisamasha, sahlaselwa amaphoyisa!”

Basifutha ngesisi esikhalisa izinyembezi. Basisasazela nangezinja zabo!

Sazama ukwehlisa imimoya saqhubeka sahamba.”



“Kwavele kwaqhuma inhlamvu!”


Kukhona isithombe salokho kuhlasela esethusa umhlaba wonke!

Leso isithombe sikaHector Peterson ethwelwe ngumngani wakhe,” kusho ugogo edabukile.



“Kwagcina kanjani?” kubuza uBuhle noVusi bekhulumela phansi. “Lo mbhikisho wezikole zaseSoweto wabhebhetheka izwe lonke. Kwahlanganyela nabanye abafundi abaningi nabasebenzi.

Abantu abaningi emhlabeni jikelele babewuxhasa. Wawubaluleke kakhulu ekulweni nombuso wobandlululo.”




“Lolo suku lwabizwa ngokuthi 'Usuku lwaseSoweto'. Lwenziwa iholide ngonyaka ka-1995.”

“Ngeminyaka yawo-1990, kwakukhona imibukiso yezobuciko ephambili eyayiphathelene nale mibhikisho yentsha,” wakhumbula ugogo.



Njalo ngonyaka ngalolu suku lwentsha, iNingizimu Afrika iyaye ihloniphe intsha eyabulawa ngalo mbhikisho wonyaka ka-1976."

"Sikhumbula intsha eyasiza ukuqeda ubandlululo," kusho ugogo ngokuziqhenya.



“Ngosuku lwentsha kubakhona imicimbi, imihlangano, nemigidi ezweni lonke.”

“Akumelanga siwukhohlwe umlando we wezwe lethu,” waqedelela ugogo.

Wase uyamoyizela egona uBuhle noVusi.

## ——Imibuzo

1. Ngubani oxoxa le ndaba futhi ngobani abalalele? Ukwazi kanjani lokho?
2. Zazimasha ziyaphi izingane zaseSoweto mhla ziyishumi nesithupha kuNhlangulana ngo1976?
3. Kwakuyini isizathu sale mashi?
4. Lwaqala nini lolu suku lomhla ziyishumi nesithupha kuNhlangulana ukuba yiholide futhi kungani?

——Izincwadi ezikulolu chungechunge

- Usuku lwenkululeko
- Usuku lwamagugu
- Usuku lwamalungelo abantu
- Usuku lokubuyisana
- Usuku lwabesifazane
- Usuku lwabasebenzi
- Usuku lwentsha

Lendaba yenziwe yaphinde yabhalwa nge siSwati nje ngenxenye yeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu yempahla yokufunda ka2020.